



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES  
MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULWA KWEZINDLU ZANGASESE NENDLU  
EWEMBEZI NGOMGQIBELO, 15 MAY 2010**

UNGGQONGQOSHE UNOMSA DUBE WEZOKUPHATHA NGOKUBAMBISANA  
NOBUHOLI BOMDABU  
AMALUNGU ESISHAYAMTHETHO  
IZIMEYA  
AMAKHANSELA  
AMAKHOSI NEZINDUNA  
ABEFUNDISI  
ABAMELE INKAMPANI USTEDONE  
IZIKHULU ZEMINYANGO NGOKWEHLUKANA KWAYO  
ABEZINDABA  
UMPHAKATHI WONKE

Nginyanibingelela nonke

Namhlanje zingu-15 kuMay, okusho ukuthi uHulumeni wethu waKwaZulu-Natal usunonyaka nezinsuku ezine wagcotshwa ngemuva kokuba niphume ngobuningi benu nayosebenzisa ilungelo oluzikhethela abantu enibona bezoletha uguquko ezimpilweni zenu.

Enakwenza ezingeni lesifundazwe kwaba ubuhlakani ngoba kwaqinisekisa ukuthi umyalelo kaMongameli wezwe uJacob Gedleyihlekisa Mhlanganyelwa Zuma uzolandeleka kalula ngoba phela sonke singaphansi koholo lwakhe 'nangokwesonto esisonta' kulona. Umyalelo engikhuluma ngawo ikakhulukazi ngowokuba sisebenze ngokushesha, kanzima nangendlela ekahle. Uthe uMongameli masisebenze *faster, smarter and harder*.

Ngemuva kokuba nithe nifuna uNdunankulu uZweli Mkhize ahole lo Hulumeni wesifundazwe, njengesigungu sakhe sibe sesihlelwa ngokwezifunda lapho ungqongqoshe ngamunye eba yihlo, indlebe, umlomo, izandla nezinyawo zikahulumeni esifundeni esithile. Mina-ke ngibhekene nalesi sasoThukela ngenhlanhla nokuqondana kwezinto inkaba yami ekusona.

Kodwa okubalulekile engifuna ukukuveza lapha namhlanje ngukuthi umlando esiphuma kuwona kulelizwe wenza kube nzima ukuthola zonke izidingongqangi kuyo yonke imikhakha, enjengamanzi, ugesi, imigwaqo, izindlu, imitholampilo, izikole njalo njalo ngesikhathi esisodwa.

Yingakho-ke sithi namhlanje sikushayela ihlombe ukubambisana esikuthola ezinkampanini ezizimele ngoba yikona phela okuzokwenza umyalelo kaMongameli wezwe ufezeke. Namhlanje sethulela isigqoko inkampani yakwaStedone ngokubuyisela usizo emphakathini njengoba nayo ithola umsebenzi kuhulumeni.

Phela uma uthola umsebenzi kuhulumeni kusho ukuthi ukhokhelwa yibo abakhokhi bentela iningi labo elisahlupheka kulelizwe. Yingakho-ke sithi impi yokulwa nokuhlupheka kumele inqotshwe ngokubambisana phakathi kukahulumeni, imiphakathi nosomabhizinisi.

Into ehlabane umxhwele futhi lapha eWembezi naseMtshezi ngukuthi sinobuholi bezenkolo obukhuthalele kakhulu inqubekela phambili nentuthuko yendawo. Befundisi bami ngithi phambili nokubhekela inhlalakahle yomphakathi enisebenza kuwona.

Esikuqaphelayo njengohulumeni wesifundazwe ngukusebenza ngendlela eyinhlakanhlaka kwezigaba zikaHulumeni, ikakhulukazi phakathi kwemikhandlu yezifunda nomasipala bendawo. Sesitholile ukuthi ulwazi alufinyeleli kahle kubantu abalindele izidingo emazingeni aphantsi. Bheka nje ngoKhisimusi odlule ngabizwa ukuzobheka inkinga yamanzi lapha oThukela kodwa ngafika ngathola ukuthi yize kunenkinga yamanzi, inkinga enkulu ngukuthi abantu abalutholi ulwazi lokuthi kuqhubekani.

Eminye imisebenzi yengqalasizinda iphazanyiswa ngukuthi kwabanye omasipala abekho ochwepheshe noma onjiniyela abenele. Yingakho uthola kwesinye isikhathi kunemigwaqo noma izindlu komasipala okungekho esimweni bese kudingeka kungenelele uhulumeni wesifundazwe ukulungisa umonakalo.

Kuyisicelo sethu namhlanje ukuthi omasipala baxhumane nemiNyango yesifundazwe uma behlela ingqalasizinda ukuze balekeleleke ngolwazi lwezobuchwepheshe oludingekayo. Lolu sizo sizolunika ngaphandle kokubheka ukuthi umasipala uphethwe iyiphi inhlangotho yezepolitiki. Nabo omasipala akumele bahlehle ngoba bebona umnyango uphethwe mhlambe uNgqongqoshe welinye iqembu. UMsholozisi kuzwelonke kanjalo noKhabazela esifundazweni bathe masiphume njengohulumeni siye kubantu, abashongo ukuthi masiye kubantu be-ANC.

Umgomo wentando yeningi uthi uma umuntu esekhethiwe usebenzela nabangamkhetanga ngoba uhulumeni owabantu bonke. Nabangamkhetanga lowo futhi kumele bamhloniphe kuleso sikhundla sakhe ngoba usuke esemele uhulumeni.

Uma ngilapha eMtshezi kumele ngazi ukuthi iMeya yami uShelembe noma ngabe uyi-IFP njengoba naye kumele azi ukuthi nginguNgqongqoshe wakhe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi noma ngabe ngiyi-ANC. Ngikusho kahle futhi lokhu ngoba size lapha njengohulumeni hhayi ukuzokhankasela amaqembu ethu.

Phela njengoba selidumela emasumpeni ngokhetho lohulumeni basekhaya, siyazi ukuthi sesizothi senza esikuthunywe nguMsholzi noKhabazela kokuya kubantu kuthiwe siyakhankasa. Kanti siyabacela abantu ukuthi bangajahi ngoba bayosibona ngombala uma sesiphumele lokho. Kodwa phela ngoba abantu banamehlo okubona, ngeke sibavimbe uma bethi kwamanje sebeyaphenduka bakhetha indlela eya empilweni engcono.

Kodwa esithanda ukukugcizelela lapha ngukuthi izindawo ezinjengoMtshezi zidinga ukubhala umlando omusha wokusebenza ngokubambisana ukuze kwakhiwe isizwe. Kumele sifunde emaphutheni okuyiwona asakhele umlando omubi wokungqubuzana nokungezwani siyizinhlangano zepolitiki. Uma thina esingabaholi banamhlanje singakwenzi lokho isizukulwane esizayo siyosithwesa icala lokuthi kwathi abanye abantu bethuthuka kwezinye izindawo thina sabe silibele ukubanga izinto ezingathi shu.

Sengiya ngasekuphetheni, ngithanda ukukhumbuza izingane zesikole lapha eWembezi ukuthi isikhathi esikusona siyaphoqa ukuthi kufundwe ukuze sakhe izwe lethu. Abafundi mabaqinise ezifundweni zesayensi ukuze bangene emkhakheni wobunjinyela okuyiwona osantula kakhulu abantu abamnyama ikakhulukazi abesifazane kanti yiwona ophethe ukuthuthukiswa kwengqalasizinda.

Kulo Mnyango engiphathiswe wona wezokuThutha kukhona imifundaze enikwa abafundi abenza izifundo zalo mkhakha. Ngakho-ke ngiyanikhuthaza ukuba nifake izicelo. Kumele eminyakeni ezayo sibe noStedone bethu khona lapha eWembezi.

Mangigcine ngokuthi ngigqugquzele wonke umphakathi walapha eMtshezi ukuthi ubambisane nohulumeni ekulweni nobugebengu kanye nezifo ezithathelwanayo njenge-HIV/AIDS. Masingavumi ukuba yizisulu noma abagqugquzeli bobugebengu ngokuthi singenzi lutho. Masingavumi ukubhubhiswa yizifo ezihambisana nengculazi kube kunemikhankaso ethe chithi saka eqwashisa ngalezi zifo.

Masibambisane ekwakheni ikusasa elingcono esifundazweni sethu.

**Ngiyabonga.**